Isifundo 5

**Masingana 27 – Nhlolanja 2*

Izinceku Sekwadlula i-Edeni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Isaya 22:14-18; 1 Kor. 4:1, 2; Kol. 2:2, 3; Efesu 6:13-17; 2 Kor. 5:10.

Indimana Yekhanda:
"Kepha njengokuba sivunyiwe nguNkulunkulu ukuba siphathiswe ivangeli, siyakhuluma ngokunjalo, singenzeli ukuthokozisa abantu kepha uNkulunkulu ovivinya izinhliziyo zethu" (1 Thes. 2:4).

Umsebenzi wokuqala ka-Adamu no Eva wawuhlanganisa nobunceku. Insimu nayo yonke indalo yanikelwa kubona ukuba bayinakekele, bathokoze ngayo, futhi babuse phezu kwayo (Gen. 2:15), nakuba babengesibo abanikazi banoma yini. Kunalokho, babeyizinceku zalokho uNkulunkulu ayebaphathise kona. Kuleliviki sizobukisisa ukuchazwa kwenceku, kodwa ngemuva kokungena kwesono, ngemuva kokuthi abazali bethu bokuqala bexoshiwe e-Edeni. Okusho ukuthi nathi siyizinceku, kodwa siyizinceku phansi kwesimo esehlukile kuleso uAdamu noEva ababezithokozisa ngaso.

Buyini ubunceku? Abanye abaseBhayibhelini bayabonakalisa ukuthi iyini inceku ngendlela ababephila ngayo. Ezinye izindimana zeBhayibheli zibuchaza ngokucace kangconywana. Uma siba yizinceku zikaNkulunkulu, indlela esibuka ngayo izwe namagugu alo iyaguquka, sigxile kuMdali nomsebenzi waKhe. Njengaku Adamu noEva, uNkulunkulu usiphathise imisebenzi eqhamuka ezulwini. Kusukela ekungeneni kwesono e-Edeni, umsebenzi wobunceku sewashintsha ngoba phezu komsebenzi wokunakekela umhlaba, siphathiswe ukuba yizinceku ezinhle zamaqiniso enkolo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Nhlolanja 3.*

Izinceku eTestamenteni eliDala

Igama elithi “inceku” lihunyushwe izikhathi ezimbalwa-nje eTestamenteni eliDala. Izikhathi eziningi lithathelwe emazwini achaza “ophezu kwendlu,” okuwumqondo wokuphatha okwenzekayo endlini; okusho “inceku” (Gen. 43:19; 44:1, 4; 1 Amakhosi 16:9). inceku yayinomsebenzi wokongamela izindaba zasendlini kanye nempahla yenkosi yayo, yenze noma yini etshelwa yona. Incazelo yegama elithi inceku eTestamenteni eliDala ingatholakala ngokubheka izimpawu zenceku. Izinceku azikwazi ukwehlukaniswa nobunceku bazo ngoba buchaza ukuthi zingobani.

Ezinye izimpawu zenceku zidaluliwe eTestamenteni eliDala. Olokuqala, isikhundla senceku kwakungesibaluleke kakhulu (Gen. 39:41). Izinceku zazikhethwa ngenxa yamakhono azo, zazihlonishwa futhi zethenjwa amakhosi azo ngomsebenzi eziwenzayo. Olwesibili, izinceku zazazi ukuthi lokho eziphathiswe kona okwenkosi yazo (Gen. 24:34-38). Lo umehluko omkhulu phakathi kwenceku nomni. Izinceku ziyasazi isikhundla sazo. Olwesithathu, uma izinceku zizisebenzisela zona lokho eziphathiswe kona, ubudlelwane bokwethembana phakathi kwazo nenkosi babuphela, izinceku zixoshwe (Gen. 3:23, Hos. 6:7).

Funda kuIsaya 22:14-18. Ngesikhathi sombuso kaHezekiya, uShebina wabekwa waba yinceku nomgcini-mafa, okuyizikhundla ezibaluleke kakhulu zamandla. Kwenzekani kuye ngenxa yokusebenzisa budedengu isikhundla sakhe na?

“Inceku izihlanganisa nenkosi yayo. Iyayamukela imisebenzi yobunceku, futhi imela inkosi yayo, yenze njengoba inkosi beyizokwenza ukuba beyikhona. Okufunwa yinkosi yayo, kufunwa nayiyo. Isikhundla sobunceku sihloniphekile ngoba inkosi yayo iyayethemba. Uma ngandlela thize, inceku ingazicabangela yona, izisebenzisele inzuzo etholakale ngokuhweba ngempahla yenkosi, seyikulahlile ukwethenjwa kwayo.”—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 9, ikhasi 246.

Singawufunda kanjani ngendlela ethe xaxa umqondo obalulekile wokuthi ngempela siyizinceku zalokho esinakho kulokhu kuphila na? Lolo lwazi lufanele lukuthinte kanjani konke esikwenzayo na?

Izinceku eTestamenteni eliSha

Amagama amabili ayisisekelo asho "ubunceku" eTestamenteni eliSha yilawa: epitropos, elivela kathathu, kanye no oikonomos, elivela kashumi. Womabili lamagama achaza izikhundla ezihlanganisa nomsebenzi wokuphatha onikezwe inceku umnikazi. Kuwo womabili amaTestamente, eliSha neliDala, izinceku zichazwa ngalokho ezikwenzayo. ITestamente eliSha lichaza inceku ngokuziphendulela kwayo (Luka 12:48) nangokulindeleke kuyona (1 Kor. 4:2). ITestamente eliDala, kodwa, lona ligxile kakhulu ebunikazini bukaNkulunkulu kunokuchaza thina njengezinceku. Kanjalo-ke, nakuba umqondo wobunceku ufana kakhulu kuwona womabili amaTestamente, iTestamente eliSha liyenaba ngalomqondo ledlule ukuphatha ngaphakathi kwekhaya-nje.

Endabeni yenceku engathembekile (Luka 16:1-15), uJesu uyenaba ngokuchaza inceku. Isifundo saKhe siqukethe okwedlula inceku egwema ukulahlekelwa yimali-nje. Kuthinta nalezo zinceku ezigwema ukulahlekelwa kwezenkolo ngokubonakalisa ukukholwa ngendlela efanelekile. Inceku ehlakaniphile izolungisela isikhathi esizayo sokubuya kukaJesu ukwedlula isikhathi samanje (Math. 25:21).

Funda ku 1 Korinte 4:1, 2; Thithu 1:7; naku 1 Petru 4:10. Zisitshelani ngezinceku nobunceku na?

_____

_____

"Ngimvulele yini uMoya oNgcwele inhliziyo yami, ukuze kuphaphanyiswe onke amandla omqondo engiwaphathiswe uNkulunkulu? NgingokaKrestu, futhi ngiqashwe emsebenzini waKhe. Ngiyinceku yomusa waKhe."—Ellen G. White, *Fundamentals of Christian Education*, ikhasi 301. KuLuka 12:35-48, uJesu uphinde asebenzise igama le "nceku" ngendlela yokuqhathanisa. Ukhuluma ngenceku ehlakaniphile elindele ukubuya kweNdodana yomuntu, achaze nenceku embi njengalowo ongasanaki ngoba inkosi yakhe ilibele ukubuya. Inceku engathembekile seyiphenduke indlovu-kayiphikiswa, futhi iphatha ngesihluku ezinye izisebenzi. Ayisesona isibonelo semisebenzi emihle noma umphathi onomusa.

Uma samukela uKrestu, siyizinceku, ezibizelwe ukuphatha okukaNkulunkulu. Kodwa okubaluleke nangaphezu kwalokho, sidinga ukuphatha kahle amaqiniso enkolo yobuKrestu, silungisela izulu.

Funda kuLuka 12:45. Kungani thina maSeventh-day Adventist, esinenkinga ngoku "libala," kufuneka siqaphele kakhulu ukuthi singaweli kulenkohliso na?

Izinceku Ngezimfihlakalo ZikaNkulunkulu

Funda kwabaseKolose 2:2, 3 no 1 Thimothewu 3:16. Yini echazwa yilezindimana njenge "mfihlakalo"? Ukuthi "yimfihlakalo" lena kusitshelani ngemikhawulo yolwazi esingaba nalo ngayo na?

USofari waseNahama uthi kuJobe: "Ungaziqonda yini izimfihlakalo zikaNkulunkulu?" (Jobe 11:7). Igama elithi "imfihlakalo" lisho okudidayo, okungaqondakali, okungaziwa, okungechazwe. Izimfihlakalo zikaNkulunkulu zibhalwe eMibhalweni, yize noma ukuziqonda ngokuphelele yinto ekude nokuhlakanipha kwethu. Kungakho kuthiwa yizimfihlakalo. Kufana nokuthi thina ngabanye ngabanye esibona eduze sibheke esibhakabhakeni, ngenhloso yokubona nokuncane kwalapho. Ngeke sikwazi ukubona kude kangako, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu asembulele lokho.

Uthini uDuteronomi 29:29 maqondana nalokho esikwembulelweyo na?

Siyizinceku zezinto esingaziqondi ngokuphelele. Sazi kuphela lokho esikwembulelwe nesikuthola eMibhalweni. Ubunceku bethu obukhulu ukuphila "njengezisebenzi zikaKrestu nezinceku zezimfihlakalo zikaNkulunkulu" (1 Kor. 4:1). UNkulunkulu ufuna thina zinceku zaKhe ukuba silondoloze, sifundise, sivikele, futhi sinakekele amaqiniso ezulu esiwambulelwe. Ukuthi sikwenza kanjani lokhu, yibona bunceku obuphakeme, futhi kusho ukuthi "siphethe imfihlakalo yokukholwa ngonembeza omhlophe" (1 Thim. 3:9). Imfihlakalo enkulu kunazo zonke ukuthi sonke singakwazi ukuzizwela uKrestu, "ithemba lenkazimulo." Icebo losindiso lijule ngaphezu kwezinto zemvelo futhi singeliqonde ngokugcwele. Ukuthi uMdali wakho konke okukhona (Johane 1:1-3) weza kulomhlaba "wabonakala ngesimo senyama" (Ellen G. White, *Manuscript Releases*, vol. 6, ikhasi 112) ukuzinikela njengomhlatshelo wezono zabantu, kuhlanganisa izimfihlakalo okubonakalayo ukuthi ngeke zize ziqondakale ngokuphelele noma kuziphi izidalwa. Nezingelosi ziyafisa ukuqonda lemfihlakalo yokuthi kungani uJesu eza lapha emhlabeni (1 Petru 1:12). Nokho, lokho ezikwaziyo kwenza sonke sidumise uNkulunkulu ngenxa yenkazimulo yaKhe nokulunga kwaKhe (bheka kuSambulo 5:13).

Ubizelwe ukuba yinceku ngevangeli. Lokho kusho ukuthi uthwele ukuziphendulela okungakanani?

Izinceku Ngamaqiniso Enkolo

Uma sicabanga ngobunceku, sicabanga ngezinto eziphathekayo, futhi siqinisile. Kodwa njengoba sesibonile, ubunceku abugcini lapho, izipho ezingaphatheki zivela kuNkulunkulu nazo. Lezi zipho ezingaphatheki yizipho zikaMoya esiziphiwa uNkulunkulu (1 Petru 4:10) ukuze ngoKrestu, sithuthukise izimilo, sibe abantu esingaba yibo kuYena. Kanjalo-ke, sidinga ukuphatha nakangcono izipho ezingaphatheki ukwedlula eziphathekayo ngoba ziyigugu laphakade.

Funda kwabase Efesu 6:13-17. Yini esiyinikwe nguNkulunkulu esidinga ukuba yizinceku ngayo na? Kubaluleke ngani kangaka kithina ukuphatha kahle lezi zinto?

"Isipho sikaNkulunkulu ukuphila kwaphakade kuKrestu Jesu iNkosi yethu (Rom. 6:23). Izwe nakho konke elisipha kona, alikwazi ukusipha usindiso esinalo kuKrestu. Usindiso, isipho esisiphiwa uNkulunkulu, iyonanto eyigugu kunazo zonke. Ukugcina iqiniso losindiso njalo phambi kwamehlo ethu kusisiza sibeke ubunceku bethu endaweni efanele nezinye izipho esiziphiwe uNkulunkulu.

"Kuphela-nje ngokusizwa ukukhanya okuvela eKalvari lapho singafunda kahle izifundo esizithola endalweni. Ngendaba yaseBethelehema nesiphambano, akutshengiswe indlela ukulunga okunganqoba ngayo ububi, nokuthi sonke isibusiso esifika kithina siyisipho sosindiso."—Ellen G. White, *Education*, ikhasi 101.

Usindiso olwethu ngoba uJesu wakhokha intengo engenakulinganiswa. UPawulu usho ngokusobala ukuthi: "Esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe" (Efesu 1:7). Amazwi athi "sinoku" asho ukuthi "sinokusindiswa." Okwethu, kodwa kuphela nje ngenxa yokuthi uNkulunkulu usiphe kona. Ngakhoke kubaluleke kangakanani ukuthi sihlome zonke izikhali zikaNkulunkulu" (Efesu 6:11), ukuze omubi angasiphuci. Okuyiyona ndlela kuphela angakwenza lokhu ukuthi simvumele enze njalo, okungenzeka kuphela uma singalaleli esikwembulelwe "ezwini likaNkulunkulu" (Efesu 6:17). Ukuphepha kwethu okukhulu kutholakala ngokuthi silalele ngokukholwa ukukhanya esikuphiwe.

Phinda ufunde kwabase Efesu 6:13-17. Sizihloma kanjani izikhali zikaNkulunkulu, futhi siyizinceku kanjani zakho konke esikunikiwe kulezo zikhali na?

Ukuziphendulela Kwethu Njengezinceku

Izinceku ezihlakaniphile zaziwa ngokuzimisela kwazo ukwamukela nokusebenzisa umthetho wokuziphendulela. Ukwamukela ukuziphendulela yisinqumo esisenzayo nezenzo esizithathayo. Kuwukuvuma ubudlelwane obuphakathi kwembangela nomphumela. Ukuzimisela ukwamukela ukuziphendulela imfanelo ebalulekile esingeke sayishaya indiva uma sichaza ukuthi iyini inceku, ngoba izinceku zidinga ukuba nomqondo obheke ekutholeleni inkosi yazo okuhle kodwa. Ngaleyo ndlela-ke, lokho kuzimisela yisinqumo esichaza ubudlelwane obufunekayo inceku efanele ibe nabo noNkulunkulu.

"UNkulunkulu ufisa ukwenza abantu babe nobudlelwane obuqonde-ngqo naYe. Kukho konke ukusebenza nabantu uyawuvuma umgomo wokuthi umuntu aziphendulele. Ufuna ukukhuthaza umqondo wokuthi abantu bazimele, agcizelele nesidingo sesiqondiso siqu. Izipho zaKhe zinikwe abantu ngabanye ngabanye. Wonke umuntu wenziwe inceku yezinto ezingcwele; yilowo nalowo akafeze akuphathisiwe ngokuqondiswa yiLowo omphile; futhi yilowo nalowo uyoziphendulela ngobunceku bakhe kuNkulunkulu."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 7, ikhasi 176.

Uma siba yizinceku, ngeke sidlulisele ukuziphendulela kwethu komunye umuntu noma inhlangano. Ukuziphendulela kwethu kukuNkulunkulu, futhi kuyobonakala kukho konke ukuxhumana nalabo abasizungezile (Gen. 39:9); bheka noDaniyeli 3:16). Sizokwamukela umsebenzi esibhekene nawo ngawo wonke amandla ethu. Impumelelo emehlweni kaNkulunkulu izokwencika ekukholweni kwethu nobumsulwa bethu esikhundleni sokuhlakanipha kwethu namathalente ethu.

Funda ku 2 Korinte 5:10. Siwezwa kanjani lamazwi phansi kwesimo sokuthi kusho ukuthini ukuba yinceku ehlakaniphile na?

_____

_____

_____

_____

Izazi ngezenkolo nezihlakaniphi kusukela kudala zazicubungula umbuzo olukhuni ophathelene nokuzikhethela. Kodwa iMibhalo isobala: njengabantu, sinalo ilungelo lentando nelokuzikhethela. Ukuba bekungenjalo, bewungeke kwenze umqondo ukuthi siyokwehlulelwa ngezenzo zethu. Kungakho-nje sinokuziphendulela, ngomusa kaNkulunkulu, wokukhetha ukwenza izinqumo okuyizona-zona kukho konke esikwenzayo, okuhlanganisa nokuba yizinceku ezethembekile ngayo yonke impahla yeNkosi.

Ukujula Nomcabango: Igama elihunyushwa ngokuthi "inceku" ezindimaneni ezimbalwa zeTestamente eliDala, alusuki ezwini elilodwa kodwa emushweni othi: asher al bayt, okusho ukuthi "lowo ophezu kwendlu." Isibonelo, uGenesise 43:19 angahunyushwa kanje: "Kuthe sebesondela encekwini yendlu kaJosefa bakhuluma nayo ngasemnyango wendlu" (NKJV). Uma ucabanga ukuthi umndeni ohlala endlini uyingxenye yendlu uqobo, pho yini eyigugu kumuntu ngaphezu kwekhaya lakhe? Kanjalo, inceku umuntu ophathiswe okuthile okubaluleke kakhulu, kodwa okungesikho okwakhe. Ngezindlela eziningi, lokho kwenza ukuziphendulela kube kukhulu nangaphezu kokuba bekuyokuba njalo ukuba inceku beyongamele eyayo impahla. Wona lomqondo uyaqhutshwa futhi naseTestamenteni eliSha. "ITestamente eliSha lithatha imiqondo yeTestamente eliDala, liyihlanganise nemiqondo, imicabango, namazwi angekhulu leminyaka yokuqala (1st century), ngaleyo ndlela kwenabe imfundiso yeBhayibheli ngobunceku. Okuyiwona magama ajwayelekile esiGriki asetshenziswa maqondana nobunceku asuka ku oikos no oikia, 'indlu.' I-oikonomos yilowo owongamele indlu: inceku noma umphathi. Igama elithi oikonomia yibizo lento engaphatheki, 'ukongamela indlu,' kanti umqondo walo uvame ukuba banzi kakhulu."—*Handbook of Seventh-day Adventist Theology* (Hagerstown, Md.: Review and Herald Publishing Association, 2000), ikhasi 653.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Esikhundlen sokuthatha umthwalo wokuziphendulela ngokudla kwakhe isithelo esenqatshelwe, wathini uAdamu kuNkulunkulu uma ebuzwa ngalokho ayekwenzile na? Gen. 3:12. Kuyathathekisa ukuthi esinye sezenzo zabantu zokuqala ezalethwa yisono ukudlulisela icala lakho komunye umuntu. Lokhu kuthini ngokuzimisela kwakhe ukuvuma ukuthi unokuziphendulela ngezenzo zakhe na? Kufanele kusitsheleni thina ngokwethu ukuvuma na? Singafunda kanjani ukugwema lomkhuba owejwayelekile wokusola abanye ngeziphosiso zethu na?

2. Eklasini, gxilani kulomqondo wokuba yizinceku zezinto ezingaphatheki, kodwa ezinkolo. Kusho ukuthini lokho? Sizongamela kanjani lezo zinto na?

3. Cabanga ngezigijimi zezingelosi ezintathu eziku Sambulo 14:6-12. Yimaphi amaqiniso abalulekile atholakala lapho esinikwe umsebenzi wokuba yizinceku zawo na?

4. Kubaluleke ngani kithina ukufunda ukwethemba nokwethembela ezintweni zenkolo esingaziqondi ngokuphelele na? Yiziphi izindlela zezwe esikwenza ngayo lokho vele?